| Ingxenye | Ukwabiwa kwamamaki | Amamaki omfundi |
|---|---|---|
| Izinombolo, izimpawu kanye nobudlelwano bazo | 30 + 10 **Oral/Practical** | |
| Indawo nezimo | 7 | |
| Amaphethini, ukuxhumana kanye ne-al jibhra | 9 | |
| Isilinganiso | 10 | |
| Ukuqokelelwa kolwazi | 4 | |
| ISAMBA | 70 | |

## Imiyalelo

## Kumfundisi:

**Qaphela lokhu okulandelayo:**

1. Qaphela: Irubhrikhi yokukhulunywayo nokwenziwayo ikumemorandamu.
2. Isivivinyo sizobhalwa ngezinsuku ezahlukene, hhayi ngosuku olulodwa.

## Kumfundi:

1. Fundisisa yonke imiyalelo emibuzweni.
2. Qaphelisisa ukuthi imibuzo yonke ifunani ngaphambi kokuba uphendule.
3. Phendula yonke imibuzo kuzikhala ozishiyelwe, kuleliphepha.
4. Balisisa ngaphambi kokuba ubhale impendulo.
5. Sebenzela, ubalele kuleliphepha hhayi kwelinye iphepha.
6. Ukusetshenziswa komshini wokubala akuvunyelwe.

**Siyaziqhenya ngani bafundi**
**Niyisibane sezwe**
**Phambili zingane zama Afrikha**

## 1. Izinombolo, izimpawu kanye nobudlelwano bazo

**Yingeleza uhlamvu olunempendulo efanele.**

1.1 Liyini igama lenombolo engama-248

A. amakhulu amabili namashumi ayisishiyagalombili nane
B. amakhulu amabili namashumi amane ayisishiyagalombili
C. amakhulu amabili namashumi amane nesishiyagalombili
D. amakhulu amabili namashumi amane nane

1.2 Luyini uphawu lwenombolo eyikhulu elilodwa namashumi amahlanu nambili

A. 125
B. 145
C. 153
D. 152

1.3 Hlakaza ama-345

A. 300 + 40 + 5
B. 300 + 4 + 50
C. 40 + 100 + 5
D. 305 + 5 + 40

1.4 Bhala inombolo 200 + 10 + 8 ngokufinyeziwe.

A. 208
B. 286
C. 218
D. 281

1.5 Inombolo eyenziwe ngamashumi ama-5, ikhulu eli-1 nemivo eyi-9 ngama:

A. 124
B. 195
C. 159
D. 193

1.6 Inombolo engama-20 ngaphansi kwe-165

A. 145
B. 185
C. 135
D. 167

1.7 Inombolo enkulu kune 189

A. 179
B. 199
C. 187
D. 188

1.8 Sondezela ama-219 eshumini eliseduzane

A. 210
B. 200
C. 220
D. 229

1.9 Amakota amabili alingana ___________

A. nezingxenye ezimbili kwezintathu
B. nohhafu owodwa
C. nokuphelele
D. nezingxenye ezimbili kwezinhlanu

1.10 Idijithi elidwetshelwe limele ini?

<u>5</u>75 =

1.11 Amaqhezu

Beka uphawu <, > noma = phakathi kwezingxenye ukwenza izitatimende ezifanele.


a) isigamu esisodwa ______ amakota amabili

1.12 Imali


UVusi unekhoyini eliodwa elingamasenti angama 50c kanye namakhoyini amahlanu angama 20c.
Amathofi abiza R1,20
Uzothola ushintshi oyimalini? ____________

1.13 Bala lezibalo emugqeni wezinombolo usebenzisa isu lokugxuma.

a. 25 + 40 = ________




b) 55 - 30 = ________




1.14 Bala okulandelayo.

| Ukuhlanganisa (hlakaza inombolo yesibili) | Ukususa (hlakaza inombolo yesibili) |
|---|---|
| 254 + 35 =<br>=<br>=<br>= | 298 - 76 =<br>=<br>=<br>= |

1.15 Ukuxazulula izinkinga

a) UJabu unezimabula eziyi-132.
Uwine ezingama 62 ngaphezulu ngesikhathi sekhefu.
Usenezimamabula ezingakhi uma seziphelele zonke?

| Bonisa ukubala kwakho lapha. |
| --- |
| |

Impendulo: ____________________________________________

b) Ithangi liphethe amalitha anga-275 amanzi.
Uma kukhishwa amalitha anga-65, mangakhi amalitha amanzi azosala ethangini?

| Bonisa ukubala kwakho lapha. |
| --- |
| |

Impendulo: ____________________________________________

c) UJobe unezitika ezinga-24.
UZamajobe unezitika eziphindwe kathathu kunezikaJobe.
Zingakhi izitika uZamajobe anazo?

Bonisa ukubala kwakho lapha.


Bhala umusho wezinombolo: ______________________

d) Yaba ama-R84 ngokulinganayo phakathi kwezingane e-4.
Ingane ngayinye izothola malini?

| | |
|---|---|
| | |
| | |

Umusho wezinombolo: ______________________

e) Umama kufanele abe izingcezu zezinkwa eyi-12 ngokulinganayo phakathi kwendodakazi namadodana akhe amabili.



Iyiphi ingxenye okumele ingane ngayinye iyithole? ______________

Zingakhi izingcezu zesinkwa ingane ngayinye ezozithola? ___________

f) Uthisha wenza amaqoqo ayi-9 anabafundi abayisikhombisa iqoqo ngalinye.

Bangakhi abafundi abakhona sebephelele bonke? ______________________

| amaqoqo | 1 | 2 | 3 | 4 | 5 | 6 | 7 | 8 | 9 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| abafundi | | | | | | | | | |

g) Abafundi bebanga lesi-3 badinga ama-R359 ekhempu yekilasi.
Baqoqe ama-R250.
Badinga malini ngaphezulu? ______________________________

h) UJabulile ufunde amakhasi anga-385 encwadi namuhla.
Uma uJabulani efunda amakhasi ayi-107 ngaphezulu, uzofunda amakhasi alinganayo nakaJabulile.
Uzofunda amakhasi amangakhi? ____________________________________

Inani ☐/30

## 2.2 Amaphethini ezinombolo

1. Qedela iphethini yezinombolo

7, 14, 21, _____, ______. _______, ______

2. Hlela izinombolo ngendlela enyukayo.

241, 240, 239, 237, 242, 238

_______________________________________

3. Hlela izinombolo ngendlela eyehlayo.

342, 345, 346, 341, 344, 340

_______________________________________


Inani [ / 7 ]

## 3. Indawo nezimo


3.1 Dwebela igama elifanele lesiqukathi ngesinye

| Isiqukathi | Igama |
|---|---|
|  | ikhiyubhi<br>isilinda<br>isfiye |
|  | ikhiyubhi<br>iprizimu engunxande<br>isilinda |
|  | ikhiyubhi<br>isfiye<br>isilinda |


3.2 Qedela izakhiwo zalesiqukathi esingunhlangothintathu-3D.

| | |
|---|---|
|  | Igama: ______________<br>Ubuso: ______________<br>Imiphetho: ___________ |

3.3 Dweba umugqa wokufuzene kulesimo esilandelayo.



3.4 Yiziphi izimo ezingonhlangothimbili 2D kulezi ezingezansi ezisetshenziselwa ukwenza iziqukathi ezingonhlangothintathu 3D?




a) iphrizimu engunxande ___________

b) isilinda ___________

**Inani** | 9

## 4. Isilinganiso

4.1 Khombisa ukuthi iyiphi into esindayo nelula.

| | |
|---|---|
|  | ______________________ |
|  | ______________________ |

4.2 Ukuguqulwa



Guqula amagremu abe ngamakhilogremu

a) 1000g = ____________kg

b) 2500g = ___________ kg

4.3 Isikhathi

a) Faka izinti ukhombise izikhathi ezibhaliwe

| | |
|---|---|
|   |   |
| Imizuzu eyishumi nanhlanu lishayile ihora lesishiyagalombili | Imizuzu eyishumi nanhlanu ngaphambi kwehora leshumi nanye. |

b) UJezile uphuma ekhaya ngehora lesi 08:00 ekuseni afike esikoleni nge 08:30

Kumthathe isikhathi esingakanani ukuhamba ngezinyawo eya esikoleni?

______________________________

c) Ngidinga ubisi olungama 250ml ukubhaka ikhekhe elilodwa.

Ngizodinga ubisi olungakanani ukubhaka amakhekhe ama-4?

____________________________________________________

d) Unyaka owodwa unezinsuku ezinga-365. Zingakhi izinsuku ezikhona eminyakeni emibili?

______________________________________________________

e) Uma izolo bekunguLwesibili kuzoba yiluphi usuku olulandela olwakusasa?

______________________________________ **Inani** /10

## 5. Ukuqokelelwa kolwazi

5.1 Bheka igrafu yeThali thebula ubese uphendula imibuzo.

| Ukudla | Inani kuthali thebula |
|---|---|
| Ibhega | 𝍸 𝍸 𝍸 \|\|\| |
| Ikhekhe | 𝍸 𝍸 𝍸 \|\|\|\| |
| Amaphethi | 𝍸 𝍸 |
| U-ayisikhilimu | 𝍸 𝍸 𝍸 𝍸 \|\|\|\| |
| Amazambane athosiwe | 𝍸 𝍸 \|\|\|\| |
| Irayisi elithosiwe | 𝍸 𝍸 \| |

Phendula imibuzo elandelayo.

a) Mangakhi amabhega athengisiwe? ______________________________

b) Mangakhi amaphethi nelayisi elithosiwe athengisiwe sekuhlangene konke?

____________________________________

c) Uyini umehluko phakathi kwerayisi elithosiwe namakhekhe?

____________________________________

d) Phinda kabili inombolo yo-ayisikhilimu abathengiswe.

____________________________

Inani [ /4 ]